# UKUKHOLWA

Kodwa ufanele usebenzise ukukholwa kuNkulunkulu, ukukwenza kusebenze. Niyabo? Ngakho unovuko olungolwakho uqobo ngaphakathi kuwe. Ukuvuka kwakho kulele ngaphakathi kuwe, emoyeni wakho.

2 Manje, niyazi, ngenkathi uJesu efa esiphambanweni, "Umphefumulo waKhe wehlela esihogweni futhi washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, engaphendukanga ezinsukwini zokubekezela zikaNowa." Umzimba wakhe wangena ethuneni. Kodwa, ngaphambi kokuba Afe, Wanikela uMoya waKhe ezandleni zikaNkulunkulu. Esandleni . . . "Ezandleni zaKho ngiyawubeka uMoya waMi." Ngakho, niyabo, uMoya waKhe waya kuNkulunkulu; umphefumulo waKhe waya esihogweni; umzimba waKhe waya ethuneni.

3 Manje, lowoMoya owawukuYe wawunguMoya kaNkulunkulu. "LowoMoya, endulo nezindlela ezehlukene, wagcoba abaprofethi, ukuba balethe uMlayezo kubantu; ezinsukwini zokugcina, ngoKristu; futhi manje, ngalezizinsuku lapha, ngeVangeli." Manje, uma semukela uKristu enhliziyweni yethu, kukhona konke esikudingayo. KunokuPhila okuPhakade.

4 Manje, uKristu wayengebuye kuze kuphele izinsuku ezintathu. Ngoba, uMoya waKhe wawusemuva kwesihenqo, njengomgoqo, njenga*lena*, ukuthi Wayengewele kulowomgoqo, ngoba kwakuyiZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe, ukuthi, "Wayezolala ethuneni izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu." Manje, Wayengenakubuya kuze kube lezozinsuku ezintathu nobusuku kwase kwedlule. Khona-ke lapho sekuphele izinsuku ezintathu nobusuku, uMoya waKhe wakhululeka. Waya ngqo emphefumulweni waKhe, futhi umphefumulo waKhe wabuya futhi wathabatha umzimba, futhi wagcwalisa lokho Akusho. "Nginamandla okubeka impilo yaMi phansi. Nginamandla okuyithatha futhi. Nginamandla."

5 Manje, ngamunye wenu unamandla, ngendlela efanayo, ngoba ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi wona kanye uMoya ophakathi kuwe, kulokhu ukusa, uMoya oNgcwele ofanayo ophakathi kuwe kulokhu ukusa, lowoMoya oNgcwele ofanayo uzokuvusa. Ngakho, unamandla okubuye uzivuse.

6 Uma ufa, umphefumulo wakho uzoya e—e . . . ngaphansi kwealtare likaNkulunkulu, hhayi e . . . ngqo eBukhoneni bukaNkulunkulu. Manje, umoya wakho uzoya kuNkulunkulu, kodwa awukwazi ukubuya. Khumbulani, eBhayibhelini, Lathi umoya . . . "Imiphefumulo engaphansi kwealtare, iyakhala, 'Nkosi, koze kube nini, koze kube nini na?'" Futhi

babengenakubuyela emuva kuze kugcwaliseke imiBhalo, futhi, njengoKristu, akakwazanga ukubuya kuze kugcwaliseke imiBhalo. Khona-ke, emva kwe, konke lokho okwase kwenziwe, konke ukuhlupheka sekuphelile, nabazalwane bahluphekela izinto ezifanayo, noma sihlupheke njengoba bahlupheka, kanjalonjalo; khona-ke, ngalolosuku, uzokwazi kahle lapho ungcwatshwe khona, umoya wakho uzodedelwa usuka kuNkulunkulu futhi uzoza emphefumulweni.

7 Manje, umphefumulo yileyongxenye yakho eyaziyo neqondayo, ukuhlakanipha kwakho. Niyawukhumbula umbono engaba nawo esikhathini esingeside esedlule, noma ukuguqulwa okuncane, ngangena kuleyondawo futhi ngabona labobantu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, umoya wakho uzobuyela kulowo mzimba, futhi lolo—lolohlobo lomzimba, umphefumulo, ongumzimba ongadingeki ukuba udle nokunye nokunye. "Uma lelitabernakele lasemhlabeni lidilizwa, sinalo elinye lilindile," umzimba wasezulwini. Futhi nalowomoya, nalowo mphefumulo nomzimba wasezulwini, uzovusa futhi lomzimba wemvelo wenzela leyominyaka eyiNkulungwane. Niyabo? Unamandla kuwe manje, ukwenza lokho, manje. Kodwa, lawomandla onawo kuwe manje, angenza izwe elisha. UNkulunkulu akanazo ezincane, izindawana ezintekenteke; nezinkulu, izindawana ezinzima ezinamandla. Ukuthinta okuncanyana kukaNkulunkulu kunamandla onke, niyabo, ukuthinta okuncanyana kukaNkulunkulu. Ngakho, niyazi.

Ngakho ngizama ukunifinyelelisa ekukholweni manje.

8 Niyazi ukuthi kukhona okwenzekile kini, njengomKristu. Ngabe niyazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wawejwayele ukugibela wehlele *lapha* enkucunkucwini, nayo yonke inkucunkucu nesono, nokuphuza, nokugembula, ne—nezinto zezwe. Awu, kwathi nje ungakholwa ukuthi uKristu uthethelela izono zakho, wavuka wabangaphezu kwaleyonto. Manje ugibele phezulu *lapha*, niyabo, ngaphezu kwakho konke. Ngani na? Ngenxa yokuthi uyakholwa ukuthi ungumKristu. Khona-ke ngenkathi wemukela uKristu, noMoya oNgcwele wafika kuwe, khona-ke unokukholwa kuMoya oNgcwele, okukunika amandla okugibela ngaphezu kwalolohlobo lokuphila kwesono.

9 Awu, manje, into kuphela ofanele uyenze, ngukugibela phezulu ungene ekuphulukisweni, nje ube nokukholwa okuthe xaxa, nje—nje uqhubeka uqhubeka ukukhiphela ngaphandle. Niyabo? Futhi nakho lapho okhona. Manje-ke uyagula, futhi awusuyena umKristu, yiba umKristu khona manje, ukuze lawomandla okuphulukiswa ezofika kuwe, ngokuba ube ngumKristu. Futhi lokho kuzokunika ukukholwa ukuba ugibele ngaphezu kwesono. Kuzokunika ukukholwa. Nakho konke okudingayo, kuloluhambo, kukuwe ngqo manje. Nento kuphela ofanele uyenze ngukuba nokukholwa kuNkulunkulu, lokho kufuqa lezozinto enhle iphume kuwe, okukuwe, ngoMoya

oNgcwele. Niqonda ngokucacile manje na? Nikutholile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

10 Ngikholwa ukuthi uBilly ungitshelile, izolo ebusuku, wangibiza wayesethi, "Ngena, kulokhu ukusa, ikakhulukazi ngomuntu oyedwa eza, ecabanga ukuthi sinezinkonzo kuleliviki, zalezoziMpawu eziyiSikhombisa." Futhi baletha umntwana ogulayo, ngiyakholwa. Futhi uma ulapha manje, mnumzane, khumbula, awukwazi . . . Ukukholwa kwakho—kwakho kuzodingeka kuye kulowo mntwana, uma ku—uma kungomncane, umntwana oluswana.

11 Kodwa manje ake ngithathe omunye umBhalo, uma kulungile, nje umzuzwana. [UMfowethu Neville uyaphendula uthi, "Qhubeka, mfowethu. Amen."—Umhl.]

12 Khumbulani nje, manje, emaVangelini, sifunda ngale esahlukweni 16, ngiyakholwa, seZenzo, lapho uPawulu noSila babesetilongweni ubusuku obubodwa. Futhi babekade beshayiwe ngoba bakhipha umoya kadeveli entombazaneni engumbhuli. Futhi kwaku . . . Futhi, yona, ababusi bayo babediniwe yikho. Futhi babashaya, babafaka ematilongweni angaphakathi. Kwase kuthi-ke ngenkathi benza lokho, ngenkathi uPawulu noSila babekhuleka, noNkulunkulu wathumela ukuzamazama komhlaba futhi kwazamazamisa phansi itilongo.

13 Ujele wasePhiliphu, eyinduna yekhulu, okungukuthi, ezolahlekelwa yiziboshwa zakhe—zakhe, impilo yakhe eyayizokhokha ngeziboshwa. Wahosha inkemba yakhe futhi wayezozibulala, lapho uPawulu egijima waphuma wayesethi, "Ungazilimazi. Sonke silapha."

14 Futhi lenduna yekhulu yayi, ithi, okunye ukucabangela ababekade benakho ngoPawulu nabo. Kungahle ukuba babecule amahubo. Kungahle ukuba babefakazile, noma benza okuthile. Kodwa, noma ngabe kwakuyini, bazi ukuthi babengamadoda angcwele. Bayazi ukuthi kwakukhona okwehlukile ngalawo madoda. Ngoba, ngokushesha, wabuza, "Kumele ngenzeni ukuba ngisindiswe na? Kumele ngenzeni ukuba ngisindiswe na?"

15 Manje, uPawulu wathi, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, wena nendlu yakho niyakusindiswa."

16 Awu, manje, uma ukholwa eNkosini uJesu Kristu . . . Lokho akusho ukuthi insindiso *yakhe* iyosindisa indlu. Kodwa uma enokukholwa okwanele kuNkulunkulu ngenxa yensindiso yakhe, engaba nokukholwa okufanayo ngendlu yakhe. Futhi indlu yakhe izodingeka ingene, niyabo, into efanayo.

17 Njengoba uJobe wenza, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, ezansi eGeorgia, emhlanganweni. Ngathi, "UJobe, wathi, 'Manje, angazi ukuthi abantwana bami bonile, kepha kuthiwani uma bonile na?'" Futhi uJobe wayenento eyodwa

ukuba ayenze, ukuba abe ngolungileyo, lokho kwakungukuthi, anikele ngomnikelo wokushiswa. Wathi uyonikela ngomnikelo wokushiswa, uma abantwana bakhe babonile, khona-ke bayothethelelwa ngesono sabo. Futhi kwakuyinto enhle ukuthi ubaba wayenza. Lowo ngubaba ocabanga kahle. Sidinga uhlobo oluningi lwalabo baba namhlanje. Futhi uJobe wanikela umnikelo wokushiswa. Lokho kungaphambi kokuba inhlekelele yakhe ingene.

18 Kodwa lapho abantwana bakhe bebulewe bonke, nezimvu zakhe zonke zibhujisiwe, nakho konke ayenakho, kuthathiwe, wayehlezi phezu kwezala ngemuva kwendlu yakhe, ezinwaya ngodengezi.

19 Nike naqaphela, emva kwezinsuku zenhlekelele yakhe, lapho uNkulunkulu eqala ukubuyisela kuye futhi na? Lapho wayenezinkomo eziyizinkulungwane eziyishumi, nokunye nokunye, Wabuyisela ngokuphindwe kabili. Futhi uphinda kabili izimvu zakhe, futhi waphinda kabili yonke into. Kodwa naqaphela na? NoNkulunkulu futhi wanika uJobe amadodana akhe ayisikhombisa. Nake nacabanga ukuthi ayekuphi na? Lowomnikelo wokushiswa wawamela. Asindiswa, eNkazimulweni, emlindele ukuba afike. Unawo namhlanje. "Wena nendlu yakho niyakusindiswa." Niyabo? Manje, uJobe wayenento eyodwa ukuba ayenze, ukuba abe ngolungile, kwakungukunikela ngomnikelo wokushiswa.

20 Unento eyodwa ofanele uyenze, ukuba ube ngolungile, lokho ngukuthi, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ngokuba, ngokukholwa nisindisiwe, ngokukholwa niphulukisiwe, ngokukholwa nithola konke eninakho. Niyabo? Kungokukholwa, ukuthi uyakukholwa. Manje, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wena nendlu yakho niyakusindiswa."

21 Manje, mnumzane, uma unomntwana lapha ukuba akhulekelwe, kholwa, ngokwakho. Ngilapha ukubeka ukukholwa kwami nokwakho, futhi sizokholwa, ndawonye, ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyongane.

22 Niyabo, sinamandla phakathi kithi okwenza lokho. Unamandla phakathi kuwe okukwenza. Wonke umKristu unamandla okukwenza. Kodwa manje uma nje singathola . . . Lawomandla alawulwa ngumthetho.

23 Njengoba bengivame ukusho, kufana namandla adonsela phansi elawula amanzi, ngoba kungumthetho. Amandla adonsela phansi alawula amanzi.

24 Ilanga, lilawulwa yi—yi . . . noma umhlaba, ukuphenduka komhlaba. Ngeke nje wenza ilanga lenze into eyodwa, bese uthi, "Ngikholwa ukuthi ngifuna ukulala isikhashana. Yima nse ihora." Ngeke lakwenza, niyabo, ngoba kunomthetho. Uma uzosebenza ngokwalowomthetho, awu, khona-ke, konke kuzoba

kahle. Uma uzoyolala ngesikhathi, ungavuka ngesikhathi. Futhi uma . . .

25 Njengoba saba neChibi iSuperior, iChibi iOntario, iChibi iHuron, nawo wonke lawomaChibi amaKhulu enhla lapha. Sinezinkulungwane ezingamashumi ziphindwe kazinkulungwane zamahektha omhlaba eNevada, neCalifornia, neArizona, neNew Mexico, evuthayo, ngenxa yalawomanzi, ngezwe elingakhulisa noma yini. Ungondla izwe lonke, phandle lapho, ukuba nje ubunalamanzi, phezulu lapha, ezansi lapho. Futhi bekungeke kukhathaze lokho, ngoba kondliwa intwasahlobo. Kuthi nje lingaphuma, nje likhuphuka libe ileveli futhi, ngoba amandla adonsela phansi ilibamba lapho. Awu, manje, uma ungasebenza ngokomthetho wamandla adonsela phansi, ungathatha wonke lawamaChibi amaKhulu futhi unisele izwe lonke phandle lapho, futhi ondle izwe lonke, akekho obeyolamba. Kodwa awukwazi ukuhlala lapha bese uthi, "Ya. Ngiyakubona. Impela." Uzofanele ukwenze.

26 Awu, kungaleyondlela efanayo ngomthetho kaNkulunkulu. Umthetho kaNkulunkulu ungukukholwa. Futhi sinokukholwa lapha, kulokhu ukusa, ukuphulukisa noma yikuphi ukugula, ukwenza noma yini. Kodwa kulawulwa ngumthetho, nalowomthetho ungukukholwa. Umthetho kaNkulunkulu ungukukholwa. UJesu wathi, "Noma yini oyifisayo, lapho ukhuleka, uma ungakholwa ukuthi uyakwamukela, ungaba nakho." Nakho lapho okhona. Ngakho, ngukukholwa okukulawulayo, nokukholwa kunikezwe thina njengoba nje sinesidingo sakho. Manje, sidinga uku . . . uNkulunkulu wabela abanye bethu ukukholwa okuthile, abanye okunye ukukholwa. Akusiwona amandla amakhulu angaphezu kwemvelo onawo. Ngoba, uma uba ngumKristu, u—usuvele unamandla, kodwa ushoda ngokukholwa ekusebenziseni lawo mandla.

27 Ngakho manje, kulokhu ukusa, ngenkathi uzokhulekelwa, khumbula, iBhayibheli likushilo lokhu. Leli yiqiniso. UJakobe 5:14, "Kukhona phakathi kwenu, ogulayo, mababize amalunga ebandla. Mawamgcobe ngamafutha, futhi abakhulekele. Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakumvusa." Kuyisethembiso, uma uzokukholwa. Ngakho-ke, niyabo, ukuphulukiswa kwabelwe umuntu ngamunye.

28 Kwakusezinsukwini zikaJesu waseNazaretha. Wayengephulukise abantu ngale kokukholwa kwabo—kwabo uqobo. Wathi, "Ngingakwazi, uma ukholwa. Uma ukholwa ukuthi Ngiyakwazi ukwenza lokhu, Ngingakwenza." Uma ungakukholwa!

29 Ngakho, abanye abantu baphonsa i—baphonsa amandla okuphulukisa kwabanye, abavangeli. Akusikho lokho. Amandla okuphulukisa angaphakathi kuwe. Angaphakathi kuwe. Bavele

nje babeke inqola phambi kwehhashi. Umvangeli akanawo amandla okuphulukisa.

30 NguMoya oNgcwele onamandla okuphulukisa, futhi unoMoya oNgcwele. Leso yisihlahla esincane oyiso, nazo zonke izinto ozidingayo zikuwe. Ngakho, ngakho-ke, uqala nje ukuphuza esithembisweni sikaNkulunkulu, uthi, "Yiqiniso. UNkulunkulu wathi Uyongiphilisa. 'Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe.'" Nakho lapho okhona. Uyazi ukuthi ufanele wenzeni na? Uqala ukufuqela ngaphandle ukuphulukiswa, yilokho kuphela. Niyabo? Bese kuthi-ke, abanye bangabona ukuthi unani.

31 Manje okuyikho, "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo; ukuqiniseka ngezinto ezingabonwayo."

32 Ngingahle ngibeke leso sihlahla esincane phandle. Awuwaboni ama-apula, kodwa angaphakathi lapho. Leso sihlahla esincane siyazi ukuthi aphakathi lapho. Ngakho nje siqala ukuphuza, sifuqa futhi sifuqa, ngoba sasazi, "Lingaphakathi kimi. Ngizolikhipha lapha emva kwesikhashana. Nginike isikhashana. Ngigcine nje isikhashana." Sivele nje siqhubeke siphuze. "Ya, ngiyazi ukuthi ama-apula akimi. Ngizowakhulisa, emva kwesikhashana." Futhi into yokuqala uyazi, nanka efika. Nakhu kufika ama-apula, ngoba sasikholwa ukuthi akhona kuso.

33 Futhi uma ukholwa ukuthi amandla kaMoya oNgcwele angaphakathi kuwe, ukukuphulukisa, nakho lapho okhona. Nje qhubeka ufuqa. Niyabo? Unokukholwa. Awuyiboni imiphumela khona manjalo. Awuyiboni.

34 Manje, niyabo, uJakobe walungisisa uAbrahama ngemisebenzi yakhe. UPawulu walungisisa uAbrahama ngokukholwa kwakhe. Sithini manje-ke, phakathi kwababili na? UAbrahama wayekhuluma ngalokho. . .Ngiqonde ukuthi, uPawulu wayekhuluma ngalokho uNkulunkulu akubona kuAbrahama. NoJakobe wayekhuluma ngalokho abantu abakubona kuAbrahama. Niyabo? Manje, niyabo?

35 Ngakho-ke, uNkulunkulu wakwazi lokho, ngaphambi kokuba umntwana afike, ukuthi uAbrahama wayenokukholwa. NoAbrahama wakufakazisa kuNkulunkulu, ngokwenza sengathi (yena) ukuthi umntwana wayezofika lapho engenanzalo. Wayengenabantwana. Isibeletho sikankosikazi wakhe sasifile, futhi yena owesilisa wayengazali. Kodwa, nokho, wayazi, "Phakathi lapho ndawondawo kwakungumntwana." Niyabo, wayelokhu ephuza isethembiso, encike kuEl-Shaddai omkhulu kaNkulunkulu, i*Bele*. Encike lapho, ephuza, azi ukuthi uNkulunkulu uyomnika yona; wazi ukuthi kwakuyisethembiso, futhi Wayedingeka akwenze.

36 Futhi singabantwana baka-Abrahama. Ngakho-ke masencike esethembisweni saKhe, futhi sibambe lapho, sazi

ukuthi uNkulunkulu uzokwenza. Washo njalo. Niyakukholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

37 Khona-ke makuthi abagulayo beshaye umugqa ngapha kwezinye zezinhlangothi noma olunye, ofuna ukukhulekelwa. Futhi uma sithola ilunga lapha futhi libagcobe ngamafutha, ngizobakhulekela, futhi sizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza ngamunye wabo asinde. "Uma ungakholwa."

38 Teddy, ukuphi na? Woza ngapha ngakuloluhlangothi lwesandla sokudla. Lokhu kuhle. Futhi ngifuna ukuba wena udlale u*Kholwa Kuphela*.

39 Futhi ngenkathi beseza, masikhothamise amakhanda ethu nje, zonke izethameli, futhi masibe semkhulekweni ngalababantu abezayo.

40 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe, kulokhu ukusa, eGameni likaJesu Kristu, laba abaswele, abagulayo, ubuntu obuhluphekayo okulesisimo esibi, isimo esiyinhlekelele. NgiyaKukholwa, Nkosi. Ngi—ngiyazi ukuthi amaZwi aKho aliqiniso. Aliqiniso kakhulu! Angeke ahluleka, ngoba AyiPhakade likaNkulunkulu neZwi eliphakade. Onke anamandla, njengoba uNkulunkulu enjalo, ngoba Ayingxenye yaKhe. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Manje, siyakukholwa lokho, Nkosi, ngazo zonke izinhliziyo zethu, ngawo wonke umphefumulo wethu, ngakho konke okungaphakathi kithi. Siyakukholwa.

41 Futhi ngizamile, ngelula, ngendlela enjengeyomntwana, ukukwethula kubantu, ukuze baqonde futhi bazi ukuthi aMandla kaNkulunkulu ahlala ngaphakathi kwabo. Uma kuphela bengaba nokukholwa kwabo futhi balandele imiyalo kaNkulunkulu.

42 Yileyondlela abasindiswa ngayo. Bayafika futhi baphenduka ezonweni zabo, futhi babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, ngokwaleliBhayibheli, IZenzo 2. Bese kuthi-ke uPetru washo, ukuthi, "Niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Futhi nasi Sifika, ncamashi nje, ngoba YiZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe.

43 Awu, manje, into efanayo, Baba, siyazi ukuthi iyiqiniso, uma sigcoba abagulayo ngamafutha, futhi sibakhulekele. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakumvusa." Nkulunkulu, kwangathi ngamunye angashiya leli altare, nxazonke kulendawo kulokhu ukusa, ejabule kakhulu futhi ethokoza, ngokwazi ukuthi uNkulunkulu ubaphulukisile. "Hamba, futhi uphiliswe." Ngokuba sibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu.

44 Kwangathi ngamunye angaphulukiswa, futhi abambe umbono, ukuthi usho ukuthini. "Njengo Abrahama,

wabiza lezozinto, ezingekho, njengokungathi zazikhona." Akunandaba ukuthi umphumela uyini, lokho akuhlanganise lutho nokukholwa. Imiphumela ayilutho. Ukukholwa sekuvele kubambelele. "Futhi ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo." Nkulunkulu, kwangathi kungazika kujule ezinhliziyweni zabo, ngoba bayaKudinga.

45 Ngihamba njengenceku yaKho ethobekile, ukuma lapha kanye nezinye izinceku, futhi sikhuleka kuNkulunkulu ukuba abeke ezinhliziyweni zethu ngalaba bantu abagulayo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

46 Omunye uthe uMfowethu Estle Beeler ubesesakhiweni. Futhi ngiyakholwa ukuthi kunomunye umfundisi lapha, ohole ngomkhuleko, kulokhu ukusa. Sithanda ukucela bonke abefundisi lapha, noma ngabe bangobani, uma ungenyukela lapha futhi ume ngakuleli-altare kanye nathi, umzuzwana nje, kancane, siyacela, bazalwane. Namadoda. . .Mfowethu Ben, ngiyabonga. Yenyukela lapha ngqo futhi ume ngapha, ngasealtare lapha, ukuze sibe nomkhuleko nalababantu, sibeke izandla phezu kwabo.

47 Manje, besadlala iculo. Futhi abefundisi bathatha indawo yabo lapha, ukuze thina, ngamunye, singabeka izandla phezu kwabagulayo.

48 Ake sibone, owehla enqamula entabeni ngaphesheya. Ngibona uMuntu eza, wayengahluke ngalutho kunoma yimuphi omunye umuntu. WayenguMuntu ojwayelekile nje, ethi ukuba mncane emzimbeni, enobuntekenteke njalo. Njengoba siMbona ebuka, amehlo aKhe ebheke phansi phezu kwe—kwesigameko senzeka ezansi esigodini. Kwakungababaphostoli baKhe. Babenomfana ezansi lapho, owayenesifo sokuwa, futhi kungekho kungabaza kodwa lokho ababekusho, "Mphulukise, Nkosi! Mphulukise!"

49 Kodwa, niyabo, nje bethi, "Mphulukise, Nkosi, mphulukise," ngeke kwakwenza. Lokho nje ngeke kwakwenza. Kuzofanele kube nokuthile ngemva kwalokho, "Mphulukise, Nkosi, mphulukise." Niyabo? Futhi uma ngingathola ukuba nikholwe yilokho, futhi nikholwa lokho ngenhliziyo yenu yonke, nizophulukiswa, uma nginithola ukuba ngempela nibone umbono.

50 Manje bukani, labo bafundi bemi lapho, mhlawumbe bemnyakazisa, mhlawumbe becindezele kanzima. "Kukholwe, mfowethu! Kukholwe! Haleluya! Kukholwe! Mphulukise, Nkosi! Mphulukise!" Kodwa udeveli wahlala lapho ngqo, ngoba akakutholanga ukukholwa okwanele lapho ukuba kumenze amshiye.

51 Kodwa nakhu kwehla Lowo enqamula igquma. Futhi kwathi nje lowodeveli angaqonda ukuthi kwakunomehluko omncane kwabanye abantu . . . Niyabo?

52 Manje, lolo uhlobo lwabantu esifuna ukuba lube ngapho, njengeNkosi yethu uJesu. Ya. Hhayi nje ukufikela umbukiso, kodwa ufika, uthande uNkulunkulu wethu, wazi ukuthi sithunywe ukuba senze lokhu. Lokhu ngukuthunywa kwethu.

53 Khona-ke, ngenkathi Enyukela kubaba. Ngicabanga ukuthi yilapho leliculo lalotshwa livela khona, liqanjwe ngeZwi. Wathi, "Nkosi, yiba nesihawu phezu kwendodana yami, ngoba ukhungethwe ngudeveli okuhlukahlukene." Wathi, "Umphonsa emlilweni, futhi umxozomele, nokunye nokunye." Wathi, "Ngimlethe kubafundi baKho, kepha abakwazanga ukumphulukisa. Kodwa ngi—ngi—ngacabanga . . . "

54 Wathi, "Ngingakwenza, uma uzokholwa. Manje, nginaMandla ngaphakathi kiMi," Wathi, "okukwenza, uma ungakholwa yilokho."

55 UNkulunkulu ubeyovumela labobantu abakhwelwe umdlavuza abahlezi lapha kulokhu ukusa, ebekhwelwe, esembhedeni ngenxa yomdlavuza, nelukhemiya isifo sokushodelwa yigazi emzimbeni, ukugula, ukuhlupheka, uNkulunkulu ubeyobaphulukisa futhi akwedlule na? Qhabo cishe. Qhabo. Niyabo? Manje, Akehluleki. "Ngingakwenza, uma ukholwa." Wathini na?

Ngoba konke kuyenzeka, kuphela . . .

Manje, Mfowethu Tyler, yenyuka . . .? . . .

Manje kholwa kuphela nje, kholwa kuphela,

56 Manje, ngisakhuleka, ngifuna nina ukuba nibeke izandla phezu kwabantu. Noma ngabe badingani, . . .? . . . bese nehle ngqo ngomugqa.

57 Mfowethu Neville, gcoba ngamafutha, futhi abazalwane . . .? . . .

58 Ufuna wonke umuntu, ezethamelini, nekhanda lakho likhotheme manje. Wonke umuntu ngokujulile esemkhulekweni.

Kuphela . . .

59 Nkosi, yiba nomusa, ngiyakhuleka, futhi phulukisa lababantu, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

EGameni likaJesu waseNazaretha . . .? . . .

60 [UMfowethu Branham kanye nabefundisi bayakhuleka futhi babeka izandla phezu kwabagulayo, lapho uMfowethu Neville ebagcoba ngamafutha. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

61 Abaningi kakhulu, emgqeni, bebabhekile, ukubuka ukusabela kwabo ngokuthi bebenjani, niyabo ukuthi basabela kanjani emnyakazweni. Niyabo? Kunento enjalo enjengomnyakazo, basukumile futhi beza ngaphambili. Enye

into, ngukuthi basabela kanjani kulowomnyakazo abawenzile. Emva kokuba sebefike endaweni yokukholwa, ukuthi, lapho bekhulekelwa, bebeyophulukiswa, khona-ke bhekani ukusabela komnyakazo wabo.

62 Manje, umelusi wethu unomyalezo omuhle kithi, ngiqinisekile, kulokhu ukusa.

63 Into eyodwa engingathanda ukuphawula ngayo umzuzwana nje, kwakuyintombazane eyiKatolika imi lapho ngase-altare. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule yayisendlini yami, yona nomyeni wayo. Futhi bengimazi umyeni wayo isikhathi eside. Futhi—futhi kwakukhona okuthile ngokuthile ngenkathi sisahlezi kwingxoxiswano yangasese.

64 Yilapho esaba nombono khona. Yilapho thina... ngangivame ukuba nayo lapha endlini yokukhonzela, kodwa nje kuvele ekuseni, nokunye nokunye. Futhi ngakho kwakuphakathi lapho.

65 Angikaze ngisho lutho, ngoba yona iyintombazane, enye into, lokhu yakhulela ebandleni eliKatolika, nokunye nokunye. Kodwa yaya kokhulumela umama wayo. Futhi ngalesosikhathi, ngabona umbono ngonina. Ngayitshela ukuthi yayiyini inkathazo kamama wayo, futhi ngamchaza, nokuthi umama wayo wayebukeka kanjani. Kusobala, yaba ngumehlulelli walokho, kungakhathaleki ukuthi kwakulungile noma qhabo. Angikaze ngimbone umama wayo, empilweni yami. Iyakwazi lokho.

66 Futhi intombazane, kulokhu ukusa, ifike ealtare lapha futhi yama, ukwenza ukuvuma, futhi imukela uKristu njengoMsindisi wayo. Yenze lokho ealtare, kulokhu ukusa.

67 UMfowethu Neville, engazi, wayigcoba ngamafutha. UNkulunkulu usebenza kanjani—kanjani! Wayigcoba ngamafutha, abagulayo. Kodwa qaphelani ukuhamba kukaMoya oNgcwele. Manje, kungukuthi igcotshiwe, empeleni ingaguli, kodwa yagcotshwa. Bukani ukuthi kwenza kanjani ukuthi konke kusebenzelane kube ngokuhle na? Ime njengomKristu manje, emva kokuba isibe yilokho esikholelwa ukuthi ukuba ngumKristu. Manje, ithe, "Ungamkhulekela umama na? Uyagula." Lowo ngofanayo. Ngakho amafutha okugcoba agcotshwe eli. Ngacabanga, kufaneleke kanjani, ukuthi, niyabo, othile asindiswe nje. UKristu wasimela sonke. Umelela bonke. Kuthi nje lentombazane ingaba ngumKristu, khona-ke ifuna ukumela omuny'umuntu, nayo, ebonisa ukuthi uMoya kaKristu ufika phakathi kwethu uma sesisindisiwe ngempela. Manje, lokho kuhle kakhulu. Ngi—ngikuthakasela ngempela lokho, lowomoya omuhle womKristu wokukholwa. Manje, khumbulani nje.

68 Manje, kulelinenekazi elincane, lilapha ndawo ndawo, nakwelinye inenekazi leKatolika elifikile. Futhi ngingathanda

ukusho lamazwi, ngaphambi nje kokuphendulela inkonzo kumelusi wethu, niyabo, yilokhu. [UMfowethu uNeville uthe, “Amen.”—Umhl.]

69 Manje, ibandla eliKatolika lake laba njengalelibandla. Uma nizobuyela emuva futhi nifunde iBhayibheli, esilikholwayo, futhi niyazi ukuthi iBandla eliKatolika laliyiBandla lokuqala. Yiqiniso lelo. Kodwa laqhela eziMfundisweni zaLo. *Lokhu* kwakungukufundisa kwebandla eliKatolika. Kodwa, niyabo, banamakhulu ayisithupha nento ezinye izincwadi ophapha nabanye nabanye abazibhalile, leyo ingengcwele nje kubo njengaleliBhayibheli.

70 Ngakho, niyabo, ukuthi lokhu kuyini, awukashintshi. Lokho okwenzile, wena usanda kuguqulwa. Niyabo? Manje uma uthatha . . . Kusobala, ngiqagele mhlawumbe abanye benu, labo bobabili, namhlanje ekuseni, bekungabesifazane. Kungenzeka kube khona amanye amadoda ayiKatolika ahlezi lapha.

71 Uma nizobuyela emlandweni webandla, uma ungahle ubuze umpristi wakho, “Isenzo salabaphostoli eBhayibhelini lapha, kwakuyileyondlela ukuthi . . . Ngabe lelo kwakuyiKatolika lasendulo na?” Uyothi, “Yebo.” Futhi lelo yiqiniso. Kwakuyiwo. Manje, bona, bukani ukuthi hlobo luni lwenkolo ababenalo. Bahlangana kwencane, indawo elula. Abazange bathi, “Yethi Mariya” noma “Kababa wethu.” Lelo yisiko lebandla. Bathini na? Badumisa uNkulunkulu. Badazuluka. Bakhala.

72 Bheka lapha eZenzweni 2, lapho uMphostoli ongcwele uPetru, noJakobe, noJohane, nabo bonke babendawonye. IBhayibheli lathi bakhuluma ngezilimi. Futhi badazuluka, futhi baze benza sengathi bagcwaliswe kakhulu—kakhulu ngoMoya baze benze sengathi babedakiwe, futhi kwaze kwathi izwe langaphandle labuza, “Bonke laba kabadakiwe na?”

73 Kwase kuthi-ke uPetru, umphostoli, ongcwele uPetru oNgcwele, lapho esukuma, futhi wathi, “Madoda nabazalwane, laba bantu kabadakiwe, kepha bagcwaliswe ngoMoya,” njengoba—njengoba iBhayibheli lathi babenjalo. Manje, lelo kwakuyibandla eliKatolika lasekuqaleni, ngokufundisa kwabo.

74 Manje, niyabo, emva cishe kweminyaka engamakhulu amabili, izikhulu zaqala ukungena ebandleni. Khona-ke benzani ba? Benza inhlangano yabo yokuqala eMkhandlini waseNayisiya, ngo A.D. 606. Benza owabo . . . Lapho uMkhandlu wasaNayisiya ubanjelwe eNayisiya, eRoma, baqala ukungenisa zonke izikhulu ezinkulu, futhi nje *babumba* ibandla, futhi *bakha* ibandla.

75 Emva kwalokho, lahlukana kane noma kahlanu. Bahamba—basuka kulokho, baya kumbhishobhi; kusukela kumbhishobhi, kuya kuphapha. Futhi kusukela kulokho, nakho kuza amaGreki oMthetho nawehlukene, aze ahlukana, kufike lapho okubona khona namhlanje. Likuzo zonke izinhlobo zokwehlukana.

76 Kodwa esizama ukukwenza, mngane wami oyiKatolika, niyabo, siyikatolika, nathi. Singelasekuqaleni, ikatolika lokuqala. Futhi ibandla abasibiza ngalo manje, kaningi, sikhonjwa njengepentecostal, ngoba sikholelwa esibusisweni sepentekoste.

77 Yilapho ibandla eliKatolika lahlelwa khona. Futhi ezinhlanganweni zethu zePentekoste, namhlanje, uma—uma lelizwe lingama iminyaka engamakhulu amahlanu ngaphezulu, lenhlangano yePentecostal ibiyoba ngehleleke kakhulu kunanjengoba ibandla eliRoma Katolika linjalo namhlanje. Liya ngokuqhela kakhundlwana, ngendlela efanayo. Futhi lapho behlela, bakha idlangala kulo. Futhi-ke bavele nje babe yidlangala, namalungu, nemiphefumulo engaphendukile.

78 Kowami oligugu, abafowethu nodadewethu abathandekayo, kini nonke. Njengenceku kaNkulunkulu, angikaze ngikusho lokhu ngaphambilini, ezweni, kulelibandla, angikaze ngisho. Kodwa njengomprofethi weNkosi, ngithi kini, "Lokhu ngukuKhanya. Hambani kuKho." [Ibandla liyajabula futhi lithi, "Amen."—Umhl.]

